Udumo ngoluka Allah, futhi izilokhotho nokuthula makube kulowo okungenamembulelwa emva kwakhe, nasemndenini wakhe nabalandeli bakhe kanye nalabo abahamba ezinyathelweni zakhe. Sihlabele phambili:
Wena oyiMusilimu yazi ukuthi u Allah ukwenze kwaphoqeleka kuzo zonke izigqila ukuba zingene ku *Isilamu*, nokuba zibambelele kuyo futhi zixwaye lokho okuphambana nayo. Wabe esethumela uMembulelwa waKhe *uMuhamadi* ukuba amemele kulokho, washo ukuthi lowo omlandelayo uyobe usendleleni eqondile kepha lowo omshaya indiva uyobe usedukile. Uphinde futhi waxwayisa, kwimibiko eminingi ngezimbangela zobumbuka (ukushiya ukholo) kanye nazo zonke izinhlobo zokubhangqa nokungakholwa. iZinzululwazi – u Allah abe nomusa kuzo, ngaphansi kwesihloko somthetho obhekene nembuka, zibalula ukuthi *iMusilimu* lingaba yimbuka okholweni lwalo ngezinhlobo eziningi zezichithankolo lezi ezenza impilo yakhe nomcebo wakhe kungavikeleki, bese ngenxa yazo aphume kwi *Isilamu*. Okuyizona izichithankolo eziyingozi nezidlangile ziyishumi, ezabalulwa u *Imam Muhamadi* ka *Abdulwahhabu* nabanye osolwazi – u Allah abe nomusa kubo bonke. Sizokwethulela zona ngezansi sisike elijikayo, ukuze phela uziqaphele futhi uxwayise abanye ngazo, ngethemba lokuphepha kuzo nokungaweli kuzo. Nazi-ke nencazelo encane, ziyazethula:

**Esokuqala** kulezi eziyishumi:
Ukubhangqa ekukhonzeni u Allah; u Allah uthi:

إِنَّ ٱللَّهَ لَا يَغۡفِرُ أَن يُشۡرَكَ بِهِۦ وَيَغۡفِرُ مَا دُونَ ذَٰلِكَ لِمَن يَشَآءُۚ

***"Impela u Allah akathetheleli ukuba abhangqwe, kepha okunye ngale kwalokho uyakuthethelela kwamthandayo"*** **[Kurani, 4:116]**. Aphinde athi:

إِنَّهُۥ مَن يُشۡرِكۡ بِٱللَّهِ فَقَدۡ حَرَّمَ ٱللَّهُ عَلَيۡهِ ٱلۡجَنَّةَ وَمَأۡوَىٰهُ ٱلنَّارُۖ وَمَا لِلظَّٰلِمِينَ مِنۡ أَنصَارٍ

***"Impela lowo obhangqa u Allah, nebala u Allah umnqabele iJana futhi isiphetho sakhe siyoba emlilweni, futhi labo abaphambukile abayikuba nabasizi nhlobo"*** **[Kurani, 5:72]**
Kanti-ke, ukukhuleka kwabafileyo nokucela usizo kubo nokubenzela izibopho nokubahlabela (ukuphahla), kungena kukho ukubhangqa.

**Esesibili:**
Uba ongakholwa, lowo oqoka imixha phakathi kwakhe no Allah akhuleka kuyo aphinde acele ukukhulunyelwa yiyo futhi athembele kuyo.

**Esesithathu**:
Uba ongakholwa, lowo ongabathathi njengabangakholwa labo ababhangqayo noma abe nongabazane ngokungakholwa kwabo noma angayixwayi inkolo yabo.

**Esesine**:
Lowo okholwa ukuthi enye inkambiso iphelele kunenkambiso yeSithunywa (ﷺ) noma ukuthi eminye imiyalelo ingcono kunemiyalelo yaso; njengalabo abakhetha imithetho yalokho okukhonzwayo ngaphandle kuka Allah, kunomthetho weSithunywa (ﷺ); lona ke uba ongakholwa.

**Esesihlanu**:
Lowo ozonda okukodwa kulokho (okuyizimfundiso) okuze neSithunywa (ﷺ), nakuba kona ekwenza, uba ongakholwa, ngokuba u Allah uthi:

ذَٰلِكَ بِأَنَّهُمۡ كَرِهُواْ مَآ أَنزَلَ ٱللَّهُ فَأَحۡبَطَ أَعۡمَٰلَهُمۡ

***"Lokho, kungenxa yokuthi bazonda lokhu u Allah akwembulele, ngakho-ke u Allah ubhubhise izenzo (ezinhle) zabo"*** **[Kurani, 47:9]**

**Esesithupha**:

Lowo ohlekisa noma ngani okuyingxenye yenkolo yeSithunywa (ﷺ) kungaba umvuzo wakho noma isijeziso sakho, uba ongakholwa. Ubufakakazi balokho busemazwini ka Allah:

قُلۡ أَبِٱللَّهِ وَءَايَٰتِهِۦ وَرَسُولِهِۦ كُنتُمۡ تَسۡتَهۡزِءُونَ ۝٦٥ لَا تَعۡتَذِرُواْ قَدۡ كَفَرۡتُم بَعۡدَ إِيمَٰنِكُمۡۚ

***"Ithi: ingabe benihlekisa ngo Allah nemibiko yaKhe neSithunywa saKhe na? Ningalokhu nibeka izaba ngokuba seniphenduke abangakholwa emva kokholo lwenu"*** **[Kurani, :65-66]**

**Esesikhombisa**:
Ubuthathakathi[1] okufaka phakathi isichitho nentando. Lowo-ke othakathayo noma okuthakaselayo, uba ongakholwa. Ubufakazi balokho busemazwini ka Allah:

وَمَا يُعَلِّمَانِ مِنۡ أَحَدٍ حَتَّىٰ يَقُولَآ إِنَّمَا نَحۡنُ فِتۡنَةٞ فَلَا تَكۡفُرۡۖ

***"Futhi babengafundisi muntu bengashongo ukuthi: thina siyisivivinyo ngakhoke ungabi ongakholwa".*** **[Kurani, 2:102]**

**Esesishagalombili**:
Ukulekelela nokusizana nabangakholwa ekuhlaseleni abakholwayo. Ubufakazi balokho busemazwini ka Allah:

وَمَن يَتَوَلَّهُم مِّنكُمۡ فَإِنَّهُۥ مِنۡهُمۡۗ إِنَّ ٱللَّهَ لَا يَهۡدِي ٱلۡقَوۡمَ ٱلظَّٰلِمِينَ

***"Futhi lowo kini ozibandakanya nabo ungakubo, impela u Allah akabaholi abantu abaphambukile"*** **[Kurani, 5:51]**

**Esesishagalolunye**:
Lowo okholwa ukuthi kunabantu abanegunya lokungayilandeli inkambiso *kaMuhamadi* (ﷺ), uba ongakholwa; ngoba u Allah uthi:

وَمَن يَبۡتَغِ غَيۡرَ ٱلۡإِسۡلَٰمِ دِينٗا فَلَن يُقۡبَلَ مِنۡهُ وَهُوَ فِي ٱلۡأٓخِرَةِ مِنَ ٱلۡخَٰسِرِينَ

***"Futhi lowo ofuna enye inkolo ngaphandle kwe Isilamu, ayisoze yamukelwa kuye futhi kwelizayo uyoba omunye wabalahlekelwe"*** **[Kurani, 3:85]**

**Eseshumi**:
Ukushaya indiva inkolo ka Allah, ngokungayifundi noma ukuyilandela; ubufakazi balokho busemazwini ka Allah:

وَمَنۡ أَظۡلَمُ مِمَّن ذُكِّرَ بِـَٔايَٰتِ رَبِّهِۦ ثُمَّ أَعۡرَضَ عَنۡهَآۚ إِنَّا مِنَ ٱلۡمُجۡرِمِينَ مُنتَقِمُونَ

***"Ingabe ubani ophambuke ukudlula lowo olulekwa ngemibiko yeNkosi yakhe kepha yena ayishaye indiva; impela sizoziphindisela kuzigilamkhuba".*** **[Kurani, 32:22]**

Akukho mehluko phakathi kwalowo ontelayo noqinisile noma osabayo mayelana nazo zonke lezichithankolo; ngaphandle kwalowo ophoqwe ngenkani. Zonke ziyingozi impela futhi yizona ezidlangile. Ngakho-ke kubalulekile ukuthi iMusilimu liziqaphele futhi lizesabele zona.

Sizivikela ngo Allah kuzivunguvungu zentukuthelo yaKhe nobuhlungu besijeziso saKhe. Futhi u Allah adlulisele izilokotho nokuthula kusidala saKhe esiqavile *uMuhamadi* nasemndenini wakhe nabalandeli bakhe. [aphela lana amazwi omlobi – u Allah abe nomusa kuye].

---

[1] Kuphinde kufake phakathi ukukholelwa kuzanusi nezangoma nabathandazi njalonjalo, nokubhula nokuyohlola nokukholelwa ezinkanyezini.

Ngaphansi kwesesine kungena futhi: lowo okholelwa ukuthi izinkambiso nemithetho ebekwa ngabantu iyona engcono kunenkambiso *yeIsilamu* noma athi ziyalingana, nokuthi kuvumelekile ukuyisebenzisa, nakuba ekholelwa ekutheni ukwengamela ngenkambiso ye *Isilamu* yikona okungcono, noma ekutheni inkambiso ye *Isilamu* ayihambiselani nesikhathi samanje nokuthi iyimbangela yokungaphucuki kwamaMusilimu, noma ekutheni iphelela ebudlelwaneni obuphakathi komuntu neNkosi yakhe ngale kokungena kweminye imikhakha yempilo.
Kuphinde kungene kwesesine: lowo obona ukuthi ukufeza umthetho ka Allah wokusika isandla sesela noma ukukhanda ngamatshe umphingi oshadile, akuhambiselani nesikhathi samanje. Kanjalo nalowo okholelwa ekutheni kuvumelekile ukusebenzisa eminye imithetho ngaphandle kweka Allah ezintweni zempilo nasekuzigwebo noma kokunye nje, nakuba engakholelwa ekutheni lokho kungcono kunomthetho we *Isilamu*; phela ngokwenzenjalo uyobe usevumele lokho u Allah akwenqabele, kanti-ke lowo ovumela lokho okunqatshelwe ngu Allah, okwaziwayo nokusobala enkolweni, njengokuphinga nokudakayo nenzalomali nokwahlulela ngemithetho okungeyona eye *Isilamu*, uba ongakholwa, ngokuvumelana kwamaMusilimu ngo elethu.

Sicela u Allah ukuba asiphe sonke amandla okwenza lokho okumthokozisayo nokuthi asiholele thina nawo wonke *amaMusilimu* endleleni yaKhe eqondile; ngokuba Yena Ungozwayo Oseduze. Futhi u Allah adlulisele izilokotho nokuthula kuMembulelwa wethu *uMuhamadi* nasemndenini wakhe nabalandeli bakhe